



Support beginner readers!

Between the ages of six and nine, most children learn to read for themselves. So, what can you do to help them develop as readers? Well, the most important thing you can do is to keep reading to them! Here are some ideas for doing that.

Yeseka abafundayo abasaqala!

Phakathi kweminyaka eyisithupha neyisishiyagalolunye yobudala, iningi lezingane lifunda ukufunda okubhaliwe ngokwalo. Ngakho, ungenzani ukuzisiza zikhule njengabafundi? Kuhle-ke, into ebaluleke kakhulu ongayenza wukuqhubeka ubafunde! Nawa amasu athile okwenza lokho.

WHICH BOOKS TO CHOOSE

1. Let your children select books that appeal to them. Children very often find an author, a type of story or a series they like, and this might inspire them to read more books.
2. As they start to read on their own, help your children choose books that are not too difficult so that they are able to have lots of successful reading experiences.
3. Keep more difficult books for you to read to your children.
4. Expose older children to longer books with chapters. Try to read a chapter or two each day.

YIZIPHI IZINCWADI ONGAZIKHETHA

1. Dedela izingane zakho zikhethe izincwadi ezikhuluma nazo ngqo. Izingane zivamisile ukuthola umbhali, uhlobo lwendaba noma uchungechunge eziluthandayo, futhi lokhu kungase kuzikhuthaze ukuthi zifunde izincwadi ezengeziwe.
2. Lapho seziqala ukuzifundela zodwa izingane zakho, zisize ukuthi zikhethe izincwadi ezingenzima kakhulu kuzo ukuze zikwazi ukuba nesikhathi sokufunda esiyimpumelelo.
3. Gcina izincwadi ezinzima kakhulu ukuze uzifundele zona izingane zakho.
4. Khombisa izingane ezindadlana izincwadi ezindana ezinezahluko. Zama ukufunda isahluko esisodwa noma ezimbili ngosuku.

Talk about stories

- Help your children make connections between the things they are reading about, and real life. For example, if they are reading about school, link it to their own experience of school.
- Extend stories by asking your children to think about why characters behaved in certain ways, and what your children might have done if they were in the same situation.

Xoxa ngezindaba

- Siza izingane zakho zikwazi ukuxhumanisa izinto ezifunda ngazo, kanye nempilo yangempela. Ukwenza isibonelo, uma zifunda ngesikole, lokho kuxhumanise nolwazi lwazo lokuba sesikoleni.
- Yelula izindaba ngokucela izingane zakho zicabange ngokuthi kungani abalingiswa beziphatha ngezindlela ezithile, nokuthi izingane zakho bezingenzani ukuba bezisesimeni esifanayo.



More tips

- ♥ Sing songs, say tongue twisters (such as: red lorry, yellow lorry) and read rhymes together to get children used to the different sounds in words. This helps them master the skills they need for their own reading and writing.
- ♥ Create some opportunities for your children to read to you. For example, once a week take turns reading aloud to each other just before bedtime. Or, suggest that they try out their new skills by reading to younger siblings. This helps children to feel proud of what they can do.
- ♥ Don't let your children leave home without a book. Encourage them to read everywhere – even in the car or taxi!
- ♥ Read the stories your children ask for again and again, but also encourage them to read their favourite stories again themselves. This helps them to become more confident readers.
- ♥ Remember that the most important thing is to make reading a relaxed, meaningful and satisfying experience.



Amacebo engeziwe

- ♥ Culani amaculo, nisho okuphithanisa ulimi (njengokuthi: iqaka leqa umgwaqo, amalanda ayalandelana) bese nifunda imilolozelo ndawonye ukwenza izingane zijwayele imisindo eyehlukene emagameni. Lokhu kuzisiza zikwazi ukuba ngongoti kumakhono eziwadingayo ekufundeni nasekubhaleni kwazo.
- ♥ Dala amathuba athile okuba izingane zakho zikufundele. Ukwenza isibonelo, kanye ngesonto shintshanani nifundelane kuzwakale ngaphambi nje kwesikhathi sokulala. Noma, phakamisa ukuthi zizame amakhono azo amasha ngokufundela izingane zakwabo ezincanyana. Lokhu kusiza izingane zizizwe ziziqhenya ngalokho ezikwazi ukukwenza.
- ♥ Ungazivumeli izingane zakho ukuthi ziphume ekhaya zingaphethe ncwadi. Zikhuthaze ukuthi zifunde yonke indawo – emotweni noma etekisini imbala!
- ♥ Funda izindaba izingane zakho ezilokhu zizicela, kodwa futhi zikhuthaze ukuthi ziphinde zifunde izindaba ezizikhonzile ngokwazo. Lokhu kuzisiza ukuthi zibe ngabafundi abazethemba kakhudlwana.
- ♥ Khumbula ukuthi into ebaluleke kakhulu wukwenza ukufunda kube yisenzo esikhululekile, esinencazelo nesenelisayo.



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Let's celebrate!

The month of May is filled with special opportunities for children to use reading and writing in meaningful and fun ways! Here are some ideas for the different celebrations this month. Rather than trying to do all of them, choose one or two that you think will most interest your children.



Mother's Day (12 May)

Invite the mothers of the children at your reading club (or people who are like mothers to them) to join you at the reading club session which is closest to Mother's Day. Read or tell a story about a mother-child relationship to everyone and then invite the mothers and their children to spend time reading stories and looking at books together.

Instead of giving cards to their mothers, suggest that the children follow the steps below to create special Mother's Day messages for their moms!

1. Cut out the three rectangles on page 3 by cutting along the black dotted lines.
2. Fold each rectangle along the blue line.
3. Glue the two parts together.
4. Write a different message to your mom on the blank side of each rectangle. Then decorate both sides.
5. Find three different places in your home to put your messages so that your mom will find them! (It doesn't matter if you do this after Mother's Day, your mom will still love finding your messages!)


International Day of Families (15 May) and Biographer's Day (16 May)

Explain that a biography is a book written by an author about someone else's life. Encourage the children to choose a member of their family to write a biography about. Before they start writing, suggest that they do some research by talking to people who know this person.




Drawing Day (16 May)

Give your children some sheets of blank paper and challenge them to create a storybook by drawing pictures only! They will need to write the title of the story and their names on the front cover, but the rest of their book should be only the pictures they have drawn. Invite them to share their finished story with you!



USuku Lokudweba (ziyi-16 kuNhlaba)

Nikeza izingane zakho iziqephu zamaphepha angenalutho bese uzinika inselelo yokuthi zakhe incwadi yendaba ngokudweba izithombe kuphela! Kuzodingeka ukuthi zibhale isihloko sendaba namagama azo ekhaveni engaphambili, kodwa yonke incwadi kufanele ibe yizithombe ezizidwebile kuphela. Zimeme ukuthi zabelane nawe ngendaba yazo ephelile!



Masibungazeni!

Inyanga kaNhlaba igcwele amathuba akhethekile ezinganeni ukuthi zisebenzise ukufunda nokubhala ngezindlela eziphusile nezijabulisayo! Nawa amanye amasu okubungaza okwahlukahlukeni kule nyanga. Kunokuthi nizame ukukwenza konke, khetha okukodwa noma okubili ocabanga ukuthi kuzothandwa kakhulu yizingane zakho.



USuku Lukamama (ziyi-12 kuNhlaba)

Mema omama bezingane ezisethimbeni lakho lokufunda (noma abantu abafana nomama kuzona) ukuthi bahlanganyele nawe emhlanganweni wethimba lokufunda osondelene kakhulu noSuku Lukamama. Funda noma uxoxe indaba ngobudlelwano bukamama nengane kuwonkewonke bese umema omama kanye nezingane zabo ukuthi bachithe isikhathi befunda izindaba futhi bebuka izincwadi ndawonye.

Esikhundleni sokunikeza omama bazo amakhadi, phakamisa ukuthi izingane zilande izinyathelo ezingezansi ukwenza imiyalezo ekhethekile yoSuku Lukamama yomama bazo!

1. Sika ukhiphe onxande abathathu ekhasini lesi-3 ngokusika ulandele imigqa emnyama enamachashazi.
2. Goqa unxande ngamunye ulandele umugqa oluhlaza okwesibhakabhaka.
3. Namathisela izingxenye ezimbili ndawonye.
4. Bhala umyalezo owehlukile oya kumama wakho ohlangathini olungenalutho lukanxande. Emva kwalokho hlobisa zombili izinhlangathi.
5. Thola izindawo ezintathu ezahlukene ekhaya lakho yikhona uzobeka imiyalezo yakho ukuze umama wakho ayithole! (Akunandaba ukuthi lokhu ukwenza ngemuva koSuku Lukamama, umama wakho usazoqhubeka ayithande imiyalezo!)

USuku Lwezizwe Ngezizwe Lwemindeni (ziyi-15 kuNhlaba) kanye noSuku Lwababhali Bamabhayografi (ziyi-16 kuNhlaba)

Chaza ukuthi ibhayografi yincwadi ebhalwa ngumbhali ngempilo yomunye umuntu. Khuthaza izingane ukuthi zikhethe ilungu lomndeni wazo ukuze zibhale ngalo ibhayografi. Ngaphambi kokuthi ziqale ukubhala, phakamisa ukuthi zenze ucwaningo oluthile ngokukhuluma nabantu abamaziyo lo muntu.

WIN! WINA!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Little Goat* (pages 7 to 10), and email it to team@bookdash.org, or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *UMbuzanyana* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-team@bookdash.org, noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.

**book
dash**



Drive your
imagination



**USUKU LUKAMAMA
OLUNENJABULO!**

**HAPPY
MOTHER'S
DAY!**

Phenqa ikhasi/Turn over →



**USUKU LUKAMAMA
OLUNENJABULO!**

**HAPPY
MOTHER'S
DAY!**

Phenqa ikhasi/Turn over →



**USUKU LUKAMAMA
OLUNENJABULO!**

**HAPPY
MOTHER'S
DAY!**

Phenqa ikhasi/Turn over →



Nal'ibali news

Story Bosso is the annual multilingual storytelling talent search held by Nal'ibali. It provides aspiring storytellers with an opportunity to showcase their talent and it promotes storytelling in all official South African languages.

The Story Bosso theme for 2018 was, South African Heroes. "Heroes show us how to live our lives. They give us hope and motivate us to overcome challenges. By remembering and telling the stories of our heroes, we aim to inspire greatness in South Africa's children," explained Jade Jacobsohn, Managing Director of The Nal'ibali Trust.

Storytelling is an important part of our heritage. It also plays a key role in children's literacy development by encouraging the use of their imagination, curiosity and empathy.

More than 50 Story Bosso storytelling events were held across the country during September 2018 to allow members of the public to practise and build their storytelling skills before entering the contest.

The winner, thirteen-year-old Praises Banda from Ga-Kibi, Dankie Village, in Limpopo, was selected from over two thousand entries. A further five provincial winners were also selected, namely: Thabiso Khoeli from Free State, Sibongile Mofokeng from Gauteng, Afika Cwecwe from Eastern Cape, Mandisa Madlala from KwaZulu-Natal and Mbalentle Mangete from Western Cape.

"We were blown away by Praises Banda who told her story so skilfully in her home language, Sepedi," said Jacobsohn. Told with both sadness and passion, Praises' story was about her personal hero, Kholofelo Sasebola, who put an end to the bullying she endured at school.

"You could hear the sadness in Praises' voice. You could tell the bullying was traumatic, but, at the same time, you could hear her passion for celebrating the deed of her hero. Her command of Sepedi is commendable. Though the story was told in simple sentences, Praises used the language playfully," commented Lorato Trok, one of the Story Bosso judges.

"We know that well-told stories can inspire children to explore stories in books too, and sharing stories with children helps to root the seeds of a reading culture in daily life. We are proud of all of our winners for showing us what good storytelling is," concluded Jacobsohn.



Praises Banda (right) telling her story again at the awards event.

UPraises Banda (kwesokudla) exoxa indaba yakhe futhi emcimbini wemiklomelo.

Izindaba zikaNal'ibali

I-Story Bosso wuhlelo lonyaka oluliminingi lokucinga amakhono okuxoxa indaba oluphathwa nguNal'ibali. Luhlinzeka abaxoxi bezindaba abasafufusa ngethuba lokubonisa isiphiwo sabo futhi luthuthukisa ukuxoxwa kwezindaba ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika.

Indikimba ye-Story Bosso yangowezi-2018, bekungaMaqhawe AseNingizimu Afrika. "Amaqhawwe asikhombisa ukuthi siyiphile kanjani impilo yethu. Asinikeza ithemba asikhuthaze ukuthi siqobe izinselelo. Ngokukhumbula nokuxoxa izindaba zamaqhawe ethu, sihlase ukugqaguzela ukubaluleka kobukhulu ezinganeni zaseNingizimu Afrika," kuchaza uJade Jacobsohn, uMqondisi Ongumphathi kaNal'ibali Trust.

Ukuxoxa izindaba kuyingxeny ebalulekile yefa-gugu lethu. Kuphinde kudlale indima ebalulekile ekuthuthukeni kokufunda nokubhala kwezingane ngokukhuthaza ukusebenzisa kwazo ukubona ngeso lengqondo, ilukuluku kanye nokuzwelana.

Ingaphezu kwama-50 imicimbi yokuxoxa izindaba ye-Story Bosso ebanjwe ezweni lonkana ngoMandulo wezi-2018 ukuvumela amalungu omphakathi ukuzejwayeze nokwakha amakhono awo okuxoxa indaba ngaphambi kokungenela umncintiswano.

Owinile, oneminyaka eyishumi nantathu, uPraises Banda ophuma eGa-Kibi, esigodini saseDanki, elimpopo, watonyulwa emingenelweni engaphezu kwezinkulungwane ezimbili. Kwabuye kwakhethwa abanye abawinile abahlanu abaphuma ezifundazweni okuyilaba: uThabiso Khoeli ophuma eFreyistata, uSibongile Mofokeng ophuma eGauteng, u-Afika Cwecwe ophuma eMpumalanga Koloni, uMandisa Madlala ophuma KwaZulu-Natali kanye noMbalentle Mangete ophuma eNtshonalanga Koloni.

"Sasala sibambe ongezansi nguPraises Banda owaxoxa indaba yakhe ngekhono elimangalisayo ngolimi lwakhe lwebele, isiPedi," kusho uJacobsohn. Ixoxwa ngakho kokubili umnyu nofuqufuqu, indaba kaPraises yeqhawekazi lakhe, uKholofelo Sasebola, owaqeda ukuxhashazwa ayebhekene nakho esikoleni.

"Wawukuzwa ukuphatheka kabi ezweni likaPraises. Wawuzizwela nje ukuthi ukuxhashazwa kwakhe kwakubuhlungu, kodwa futhi wawuluzwa ufuqufuqu lokubonga isenzo seqhawwe lakhe. Ulwazi lwakhe lolimi lwesiPedi luyancomeka. Nakuba indaba yayixoxwa ngemisho elula, uPraises wayesebenzisa ulimi sakudlala nje," kuphawula uLorato Trok, omunye wabehluleli be-Story Bosso.

"Siyazi ukuthi izindaba ezixoxwe kamnandi zingakhuthaza izingane ukuthi zihlele nezindaba ezisizincwadini, futhi ukwabelana nezingane ngezindaba kusiza ukuzinzisa ezimpandeni imbewu yesiko lokufunda empilweni yansuku zonke. Siyaziqhenya ngabo bonke abawinile ngokusikhombisa ukuthi ukuxoxa indaba okuhle kuyini," kuphethe uJacobsohn.




Praises Banda at her school in Limpopo.

UPraises Banda esikoleni sakhe eLimpopo.

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.




Drive your imagination



“WEHI WEHI WEHI!”

atshutshu obubodwa ...
wawula ibhokisi lakhe lobuhlalu, kodwa ngaphambi kokuba
yomdanso kaNichelle ocingweni lokweneka. Okulandelayo,
Okokugala, uThoko wawasha wabe eseneka igawuni
“Hayi,” kusho uThoko, “Kuningi okufanele ngikwenze.”
“Ungathanda ukumphatha?” kubuza umama.
UMama wathatha umntwana uBongi wabuka uThoko.
Manye usethokozile!
“Nakho-ke!” kwasho uMama, “Uphawuda wezingel!
UThoko wanikeza uMama inabukeni elihlanzekile.
“Ngicela inabukeni elihlanzekile,” kwacela uMama.
wamnikeza uphawuda wengane.
“Ngicela ungimikeze uphawuda,” kucela uMama. UThoko
afudumele ukuze esule izinqe zomntwana uBongi.
Wathuma uThoko ukuba ayogcwalisa indishi ngamanzi
inabukeni elinukayo waliphonsa esikhwameni sepulastiki.
UMama walalisa ingane uBongi ethawuleni. Wabe esesusa

“WHE! WHE! WHE!”
box of beads, but before she could thread one ...
Nichelle’s ballgown on the line. Next, she opened her
First, Thoko did her washing. Then she pegged
“No way,” said Thoko, “I’ve got lots to do.”
“Would you like to hold him?” asked Mama.
Mama picked up baby Bongi and looked at Thoko.
he’s happy!”
“There!” said Mama. “Powder bum! Now
handed her a clean nappy.
“Clean nappy, please,” asked Mama. And Thoko
handed her the baby powder.
“Powder, please,” asked Mama. And Thoko
with warm water to wipe baby Bongi’s bottom clean.
plastic carrier bag. She sent Thoko off to fill a bowl
she removed his smelly nappy and dropped it into a
Mama laid baby Bongi down on a towel. Then



Thoko, the babysitter UThoko, ungumzanyana



Niki Daly



We publish what we like

This story written by Niki Daly is from *Sharp-Sharp! Thoko*, published by Jacana Media and available in bookstores and online from www.jacana.co.za. *Sharp-Sharp! Thoko* is available in English, Afrikaans, isiXhosa and isiZulu. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Le ndaba ebhalwe nguNiki Daly iphuma encwadini ethi, *Kwakuhle! Thoko* eyashicilelwa ngabakwaJacana Media netholakalayo ezitolo zezincwadi kanye naku-inthanethi kusizindalwazi esithi, www.jacana.co.za. Incwadi ethi, *Kwakuhle! Thoko* iyatholakala ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa nangesiZulu. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko zakwa-Jacana ngena ku-www.jacana.co.za.

© Jacana Media (World rights) Tel: 011 628 3200

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

“Ngisayokwenza umsebenzi wasendlini bese siyothenga emoli ngenkathi uXoliswa ethatha umntwana uBongi,” kwasho uMama. Ngayo leyo nkathi, dayeka konke ababekwenza ngoba ... “*WHE! WHE! WHE!*” kwasho umntwana uBongi. “Yithi ngiyombhaka,” kwasho uMama. “Udinga ashintshwe inabukeni,” kusho uMama ebuya nomntwana uBongi. “*Phu-uh!*” kusho uThoko. “Yiza uzongisiza, Thoko,” kusho uMama. “*Angeke!*” kusho uThoko ebamba ikhala. “Yenza wena,” kwasho uGogo. “Ngelinye ilanga, uyoba nowakho umntwana bese ukwazi ukushintsha inabukeni.” UThoko walandela uMama nengane enukayo beya egunjini lokuphumula.



Mama said, “Thoko, will you please help me! Baby Bongi needs a song.” So, Gogo switched off the TV. And Mama showed Thoko how to hold baby Bongi safely on her lap. “Let’s sing *Lala bhabha* to him,” said Gogo. “*Lala bhabha lala!*” “*Go to sleep baby boy!*” After a while, Mama took sleepy baby Bongi from Thoko and settled him back in his buggy. Gogo went on watching TV. And Thoko went to check if Michelle’s dress was drying on the line. It was dry, so she dressed Michelle. “*WHE! WHE! WHE!*” This time baby Bongi was hungry. So, Mama fed him and sat him on the floor between puffy pillows. “Thoko,” asked Mama, “will you please play with baby Bongi? I have so many things still to do.”



It was a Saturday morning when baby Bongi arrived. “Aunty Xoliswa has to be at the morning market to sell her necklaces, so I’ve offered to babysit,” Mama explained to Thoko. “Thoko can help,” said Gogo. “Why can’t Aunty Xoliswa take her baby with her?” asked Thoko, who had plans of her own. “Because if he cries, I can’t see to my customers,” explained Aunty Xoliswa. “It will be fun to have a baby in the house,” said Mama. “But babies cry all the time,” said Thoko. “Oh, I remember when *you* were a baby,” said Gogo. “It was *whe, whe, whe* all the time!” And the minute Aunty Xoliswa left, that’s exactly what baby Bongi did. “*WHE! WHE! WHE!*”



Ngenkathi u-Anti uXoliswa ebuya, uThoko wayesekhathele kakhulu yikudlala nomntwana uBongi. “Nangu u-‘ngiyabonga’ isipho sokuba ngumzanyana omuhle kangaka,” kwasho u-Anti uXoliswa egaxa umgexo wakhe omuhle wobuhlalu entanyeni kaThoko. “Ngiyabonga,” kusho uThoko, ezamula KAKHULU. UMama wabuka uGogo wathi, “Maye, uThoko ukhathele kakhulu ukuthi angaya nathi ezitolo namuhla.” Yebo! Amehlo kaThoko ayeseqala ukuvaleka. UGogo wagigitheka. “Ewu! Kubukeka sengathi umzanyana naye udinga umzanyana,” kwancokola uGogo. Ngakho-ke uGogo wahlala ekhaya ... ngenkathi uThoko elele ... elele ... elele.





She looked in the mealie patch, but Little Goat was not there.
Wabheka esiqeshini sensimu yombila,
kodwa uMbuzanyana wayengekho lapho.



Lots more free books at bookdash.org


Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination



She had walked far from Mother Goat. Mother Goat wondered where Little Goat had gone.
Wayesehambe esekude kakhulu noMama Mbuzi. UMama Mbuzi wayesemangele ukuthi uMbuzanyana wayeseshonophi.

Little Goat found the sweetest grass. She ate and ate.
UMbuzanyana wabuthola utshani obumandi ngempela. Wadla, wadla.

Little Goat UMbuzanyana

Nicola Anne Smith
Tiffany Mac Sherry
Mirna Lawrence






Njengalokhu eqhubeka ehamba nje,
uMbuzanyana wayelokhu eqhela, eqhela
kuMama Mbuzi.



Mother Goat ran to the river. But Little
Goat was not there. “Where are you,
Little Goat?” bleated Mother Goat.

UMama Mbuzi wagijima ebheke emfuleni.
Kodwa uMbuzanyana wayengabonwa
lapho. “Ukuphi, we Mbuzanyana?”
kububula uMama Mbuzi.




Little Goat went to find the sweetest grass.
The sky was blue above. But she did not
look up.

UMbuzanyana wahamba wayothola utshani
obumnandi ngempela. Isibhakabhaka
sasiluhlaza phezulu. Kodwa akazange
abheke phezulu.



“I wasn’t lost ... I have been here all the
time!” said Little Goat.


“Bengingedukile ... bengilapha sonke lesi
sikhathi!” kwasho uMbuzanyana.



As she walked along, Little Goat moved further and further away from Mother Goat.

The river gurgled below. But Little Goat did not listen to its song.

Umfula wawuhuba ngezansi. Kodwa uMbuzanyana akazange ayilalele ingoma yawo.




Inyoni yamemeza igondise kuMama Mbuzi, “UMbuzanyana ulele otshanini obumnandi ngaphesheya kwebhuloho.”



A bird called to Mother Goat, “Little Goat is asleep in the sweet grass across the bridge.”

“Wake up, Little Goat,” said Mother Goat gently. “You were lost!”



“Vuka, Mbuzanyana,” kwasho uMama Mbuzi ngeliphansi. “Ubukade wedukile!”



She just walked along looking for the
sweetest grass.
Wavele waqhubeka nohambo ebheka
utshani obumnandi ngempela.



Mother Goat crossed the bridge to the
sweet grass.
UMama Mbuzi wawela ibhuloho
eliqonde otshani obumnandi.



A bird called to her, saying, “How do you
do?” But Little Goat didn’t answer.
Inyoni yamemeza iqondise kuye,
yathi, “Unjani?” Kodwa uMbuzanyana
akazange aphendule.

There she found Little Goat fast asleep.
Lapho-ke wathola uMbuzanyana elele zwi.





U Mama wathi, “Thoko, ngi-ce-la ungisize!
Umntwana uBongi udinga iculo.”
Ngakho-ke uGogo wacisha umabonakude. U Mama
wakhombisa uThoko ukuthi umntwana uBongi
ugonwa kanjani.
“Asimculeleni uLala bhahha,” kwasho uGogo.
“Lala, bhahha, lala!”
Lala, myfana, lala!”
Ngemva kwesikhashana, uMama wathatha umntwana
uBongi oselele wambeka kahle engoleni yakhe.
UGogo waqhubeka ebuka umabonakude.
UThoko wayobhaka ukuthi ilokwe likaNichelle
liyima yini ocingweni. Labe selomile, ngakho-ke
wagqokisa uNichelle.
“WEHI WEHI WEHI!” Kulokhu-ke umntwana
uBongi wabe eselambile. Ngakho-ke uMama wamfunza
wambeka phansi phakathi kwemigqamelo emikhulu.
“Thoko,” kwabuza uMama, “ungadlala yini
nomntwana uBongi? Kuningi okufanele ngikwenze.”



By the time Aunt Xoliswa returned, Thoko was very, very tired from playing with baby Bongi.
“Here’s a ‘thank you’ present for being such a sweet babysitter,” said Aunt Xoliswa as she tied one of her beautiful beaded necklaces around Thoko’s neck.
“Thank you,” said Thoko, with a BIG yawn.
Mama looked at Gogo and said, “Oh dear, Thoko is too tired to come shopping with us today.”
Yebo! Thoko’s eyes had started to close.
Gogo giggled. “Eish! It looks as though the babysitter needs a babysitter,” joked Gogo.
So Gogo stayed at home ...
While Thoko slept ... and slept ... and slept.

“I’m going to do some housework and then we can all go to the shopping mall when Xoliswa picks up baby Bongi,” said Mama.
But just then, they stopped doing what they were all doing because ... “WEHI WEHI WEHI!” went baby Bongi.
“I’ll go see to him,” said Mama.
“He needs his nappy changed,” said Mama, coming back with baby Bongi.
“Poo!” said Thoko.
“Come and help me, Thoko,” said Mama.
“No way!” said Thoko holding her nose.
“Go on,” said Gogo. “One day, you’ll have your own baby and then you’ll know how to change a nappy.”
Thoko followed Mama and the smelly baby into the lounge.



KwakunguMgqibelo ekuseni lapho umntwana uBongi efika.

“U-Anti uXoliswa kufanele aye emakethe ayodayisa imigexo yakhe, ngakho-ke ngizoba ngumzanyana,” uMama echazela uThoko.

“UThoko angasiza,” kwasho uGogo.

“Kungani u-Anti uXoliswa angahambi nengane yakhe?” kwabuza uThoko, owayenezakhe izinhlelo.

“Yingoba uma isikhala, ngingeke ngikwazi ukubona abathengi bami,” kwachaza u-Anti uXoliswa.

“Kungaba mnandi ukuba nomntwana endlini,” kwasho uMama.

“Kodwa izingane zikhala njalo,” kwasho uThoko.

“Ha, ngiyakhumbula ngenkathi wena useyingane,” kwasho uGogo. “Kwakungubu-weh, weh, weh sonke isikhathi!”

Ngesikhashana nje u-Anti uXoliswa ehambile, yilokho kanye umntwana uBongi akwenza.

“WEH! WEH! WEH!”






“Thoko, ngicela unyakazise ingqola yengane. Iziningane ziyathanda ukunyakaziswa,” kwasho uGogo. Ngakho-ke uThoko wanyakazisa ingqola yengane. “Hhayi phela ngamawala kangaka...,” kwasho uGogo, “... kangane nje.” UThoko wayinyakazisa kangane, nomntwana uBongi wayeka ukukhala. “Uyabona-ke,” kuhlabeza uGogo. “Useyalala.” “Ukudla kwasekuseni sekulungile,” kwamemeza uMama. Becathama, uThoko noGogo balandela iphunga eliconsisa amathe lamaganda nobhekeni bayongena ekhishini. “Manje, yiziphi izinhlelo zakho zanamuhla ekuseni?” uMama wabuza uThoko. “Ngizowasha igawuni yomdaniso kaNichelle,” kwasho uThoko. Wacabangisisa futhi, “Ngitshutshu ubuhlalu... ngi... ngi...” “Nobabili nizokuba nezikhathi zasekuseni ezimatatasata,” kwasho uGogo. “Ngisayophumula ngibuke ukuthi kukhonani kumabonakude.”



“Thoko, please rock the baby buggy. Babies like being rocked,” said Gogo. So, Thoko rocked the baby buggy. “Not so hard...” said Gogo, “... gently.” Thoko did it gently, and baby Bongi stopped crying. “There,” whispered Gogo. “He’s falling asleep.” “Breakfast is ready,” called Mama. On tippy-toes, Thoko and Gogo followed the yummy smell of eggs and bacon into the kitchen. “So, what are your plans for this morning?” Mama asked Thoko. “I’m going to wash Nichelle’s ballgown,” said Thoko. Then she thought some more, “And thread beads... and... and...” “What busy mornings you are both going to have,” said Gogo. “I’m going to put my feet up and see what’s on TV.”



And whenever he went, “WEH! WEH! WEH!”, Thoko did something to make him blow bubbles and giggle. She sang all her school songs for baby Bongi. She tickled baby Bongi. She even let baby Bongi put Nichelle into his gobby mouth.



Well, Thoko also had lots of things to do, but she also liked to help Mama, so... She clapped hands with baby Bongi. She pulled funny faces for baby Bongi.

NoThoko wayenokuningi okwakufanele akwenze, kodwa futhi wayethanda ukusiza uMama, ngakho ke... Washaya ihlombe nomntwana uBongi. Waguqulela umntwana uBongi ubuso bakhe ngokuhlekisayo.



Waculela umntwana uBongi wonke amaculo esikole. Wakitaza umntwana uBongi.

Waze wavumela ngisho umntwana uBongi ukuba afake uNichelle emlonyeni wakhe omanzi.



Lapho ethi, “WEH! WEH! WEH!”, uThoko wenza okuthile okwenza umntwana abhibhidle futhi ahleke.

Get story active!



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Thoko, the babysitter* (pages 5, 6, 11 and 12), *Little Goat* (pages 7 to 10) and *The tale of Oxpecker and Buffalo* (page 14).

Nayi imisebenzi ethile eqonde kuwe ukuze uyizame. Isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *UThoko, ungumzanyana* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *UMbuzanyana* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi *Indaba kaHlalanyathi noNyathi* (ikhasi le-15).

Thoko, the babysitter

Be a word detective and find these words in the story.

- 1. The sound that a baby makes. _____
- 2. The name of a song. _____
- 3. A day of the week. _____
- 4. A time of day. _____
- 5. Something we do with our bodies. _____
- 6. The name of something you wear around your neck. _____
- 7. A word that describes something that smells or tastes nice. _____
- 8. The name of something you carry things in. _____
- 9. The name of something you push a baby in. _____
- 10. A word that rhymes with "nappy". _____
- 11. A word ending with the letters *-ful*. _____
- 12. Something you do with beads. _____
- 13. The name of a place with lots of shops. _____
- 14. The opposite of "dirty". _____
- 15. The name of Thoko's doll. _____



UThoko, ungumzanyana

Yiba ngumphenyi uthole la magama endabeni.

- 1. Umsindo wenziwa yingane uma ikhala. _____
- 2. Inkondlo ehayelwa ingane ekhalayo. _____
- 3. Usuku lwesonto. _____
- 4. Isikhathi sosuku. _____
- 5. Umuntu oqapha ingane kodwa engeyena unina wayo. _____
- 6. Umhlobiso ogqokwa ngokugaxwa entanyeni. _____
- 7. Amageqelana anemibalabala anezimbotshana okutshutshwa kuzo intambo ukuze ahlangane. _____
- 8. Okusamoto okusetshenziswa ukugibeza izingane zincane. _____
- 9. Isenzukuthi esichaza into enukayo. _____
- 10. Igama lomntwana. _____
- 11. Elinye igama elisho usana. _____
- 12. Indlela yokuzibika kwengane uma igula noma ilambile. _____
- 13. Ukupha ingane ukudla ngokukufaka emlonyeni wayo. _____
- 14. Igama elinezinhlamvu "bhi" baze babe babili. _____
- 15. Igama likanodoli kaThoko. _____



The tale of Oxpecker and Buffalo

Do you have any suggestions for what Oxpecker and Buffalo could do to get along better? Write a letter to them in which you share these ideas. (Do this with a group of friends or on your own!)



Indaba kaHlalanyathi noNyathi

Ngabe unazo iziphakamiso zokuthi yini uHlalanyathi kanye noNyathi abangakwenza ukuze bezwane kangcono? Bhala incwadi uyiqondise kuboo wabelane nabo ngale mibono. (Yenza lokhu neqembu labangani noma wena uwedwa!)

Little Goat

- ♥ Discuss with your children what it means to be lost by asking, "Do you think Little Goat was lost? Why/why not?"
- ♥ Invite your children to draw a picture that shows what it feels like to be lost.
- ♥ Challenge older children to retell the story using human characters in place of Mother Goat and Little Goat.



UMbuzanyana

- ♥ Xoxa nezingane zakho ukuthi kusho ukuthini ukuduka ngokubuza ukuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi uMbuzanyana wayedukile? Kungani kunjalo/kungenjalo?"
- ♥ Mema izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe esikhombisa ukuthi kuzwakala kanjani ukweduka.
- ♥ Fakela inselelo izingane ezindadlana ukuthi ziphinde zixoxe indaba zisebenzisa abalingiswa abangabantu esikhundleni sikaMama Mbuzi kanye noMbuzanyana.



The tale of Oxpecker and Buffalo

By Kai Tuomi ■ Illustrations by Samantha van Riet



In the old days, Oxpecker had a bright yellow bill. He lived in a little hut in a patch of long grass. Each day he would sweep his hut before setting off into the grass to catch his favourite food. At night he would climb into his nest-bed, his belly full of green grasshoppers, flies and wriggly worms.

If anyone came into the patch of long grass, Oxpecker would fly up and shout at them. He would peck them and make a fuss until they went away. He liked to live alone, and he didn't want to share with anyone.

One day, while Oxpecker was out searching for insects, he heard a low rumble, like the sound of thunder rolling in the hills, and something blocked out the sun.

"What now?" shrieked Oxpecker, flying up out of the long grass to get a better view.

A big, black animal with heavy horns was walking through the long grass.



"Hello," said Buffalo. "I haven't eaten anything in weeks. This long grass is exactly what I need. May I have some?"

"No! Go away!" shouted Oxpecker.

"Well, I'll die if I don't eat something. There hasn't been any rain for months. This is the only patch of long grass around here. Won't you let me eat some of it, please?"

"Didn't you hear me? Go away!" said Oxpecker flying around Buffalo's head.

"But you don't even eat grass," Buffalo said. And then he tried again, "We could share the grass."

"I don't share! This is mine! Mine! Mine! Now go away!" shouted Oxpecker.

Buffalo's forehead wrinkled and his eyes narrowed to slits. He got so angry that his tail swished back and forth, making a loud clapping sound as it struck the sides of his rump. "Well, if you are going to be rude, I'm going to eat it anyway. I eat grass, that is what I do, and I am hungry, so here I GO, you rude bird," said Buffalo about to chomp on some grass.

"You wouldn't dare!" shrieked Oxpecker.

"How are you going to stop me? Look at how big I am. And because you're being so rude, I've decided that I'm going to eat and eat and eat until I'm full." And with a loud *MUNCH! CRUNCH!* Buffalo started to eat.

This made Oxpecker so angry that the end of his beak turned bright red. Oxpecker flew around Buffalo's head shouting and shrieking and whooping, but Buffalo just kept on eating. Soon all the long grass was gone. To make matters worse, Buffalo put his big hoof right through the roof of Oxpecker's hut.

Oxpecker flew up onto Buffalo's back and started pecking away at his skin.

"That's not going to work," said Buffalo. "My skin is very thick. Even Lion has tried to bite me with his sharp teeth and I got away. You are too small, Oxpecker. And you deserved what you got. I was willing to share."

"Well, that's it then," said Oxpecker growing suddenly quiet. "I was only angry and rude because that was my home. Now I have no home and no food – all those delicious green grasshoppers, flies and wriggly worms that lived in the long grass are gone! Everything's gone."

Buffalo looked back at Oxpecker, who was crying, and then to the bare patch of earth and the broken hut. "I'm sorry I destroyed your home," he said, "but maybe I can make it up to you. I have a problem with insects, you see. I mean, just take a look at my back. There are always far too many insects hanging on and crawling all over me. You could eat them, and it would be really nice to have someone finally get rid of them for me."

Oxpecker looked up and down Buffalo's body and noticed all the little insects clinging to Buffalo's skin. The bird's tummy rumbled, but the thought of doing Buffalo a favour after everything he had done, made Oxpecker angrier and angrier. His yellow bill grew redder and redder.

"First you ate all my lovely grass!" shouted Oxpecker. "Then you wrecked my house. You actually put your big hoof right through the roof! Now you want me to eat all these insects as a favour!" He walked up and down Buffalo's back, pecking at the insects as he talked. "You really are the worst, Buffalo! As if I would help you," he said with his little mouth full of insects.



Buffalo simply shrugged and walked off with Oxpecker riding on his back, shouting and eating insects. And they are still doing that to this day, but Oxpecker never forgave Buffalo, and his yellow beak stayed red forever.



Drive your
imagination



Indaba kaHlalanyathi noNyathi

NguKai Tuomi ■ Imidwebo nguSamantha van Riet



Ikhona
lezindaba

Kudaladala, uHlalanyathi wayenomlomo ophuzi. Wayehlala eqhugwaneni elincane eduze kwesiqinti sotshani obude. Usuku ngalunye wayeshanela iqhugwana lakhengaphambi kokubabela otshanini lapho wayethola khona ukudla kwakhe ayekukhonzile. Ebusuku wayecaca angene esidlekeni sakhe, isisu sakhe sigcwele izintethe, izimpukane, kanye nezibungu eziyaluzayo.

Uma kufika noma ngubani esiqeshini sotshani obude, uHlalanyathi wayendiza aphakame bese emthethisa lowo. Wayebangqofoza futhi enze umsindo kuze kube bayahamba. Wayethanda ukuphila yedwana, futhi engathandi ukwabelana nanoma ngubani.

Langa limbe, ngesikhathi uHlalanyathi ephumile ecinga izinambuzane, wezwa ukundindizela okusholo phansi, njengomsindo wokuduma kwezulu lisho ezintabeni, kwase kuba nokuthile okusitha ilanga.

"Yini manje?" kuklewula uHlalanyathi, endiza ephakama phezu kotshani obude ukuze akwazi ukubona kangcono.

Isilwane esikhulu, esimnyama esinezimpondo ezisindayo sasihamba sidabula otshanini obude.



"Sawubona," kwasho uNyathi. "Angikaze ngidle lutho kula masonto. Lobu tshani obude yibona ngqo engibudingayo. Ngicela obuncane nje?"

"Lutho! Hamba uye kude!" kumemeza uHlalanyathi.

"Kulungile, ngizokufa uma ngingadli okuthile. Bekungekho mvula futhi sekuyizinyanga. Lesi yisona siqephu sotshani obude esikhona lapha. Ungemane ungivumele ngidle ingxenya, ngiyakucela?"

"Awungizwanga yini? Hamba uyoshona!" kwasho uHlalanyathi endizandiza ezungeza ikhanda likaNyathi.

"Kodwa awubudli ngisho ukubudla utshani," kwasho uNyathi. Emva kwalokho waphinda wazama, "Singabelana nje ngotshani."

"Angabelani mina nabanye! Lokhu ngokwami! Okwami! Okwami! Manje-ke suka lapha!" kumemeza uHlalanyathi.

Isiphongo sikaNyathi sabuya izinhlonze namehlo akhe ancipha aba yimidwana nje. Wathukuthela kakhulu ngendlela yokuthi umsila wakhe wawehla wenyuka, wenza umsindo omkhulu osankwahla ngesikhathi ushaya izinhlangothi zezinqe zakhe. "Kulungile uma uzokwedelela, ngizobuthatha ngihambe nabo. Ngidla utshani mina, yilokho engikwenzayo, futhi ngilambile, ngakho-ke UZONGITHOLA KAHLE, nyoni eyedelelayo," kwasho uNyathi sekusele ukuthi abunqampune obunye utshani.

"Ngeke ulokothe!" kububula uHlalanyathi.

"Uzongivimba kanjani? Awungibheke ukuthi ngimkhulu kangakanani. Futhi ngoba uyedelela, senginqume ukuthi ngizokudla, ngidle, ngidle ngize ngisuthe." Ngomsindo omkhulu *WOBUHLAFUHLAFU! NOBUKLESHEKLESHE!* uNyathi waqala ukudla.

Lokhu kwathukuthelisa uHlalanyathi ngendlela yokuthi isiphetho somlomo wakhe saphenduka saba bomvu ngokugqamile. UHlalanyathi wandiza wazungeza ikhanda likaNyathi ethetha, ekhala, eklabalasa, kodwa uNyathi wavele waqhubeka nokudla. Ngokushesha bonke utshani obude base buphilele. Ukwenza izinto zibe zimbi nakakhulu, uNyathi wabeka inselo yakhe enkulu ophahleni lweqhugwane likaHlalanyathi.

UHlalanyathi wandizela emhlane kaNyathi waqala ukuqhofoza isikhumba sakhe.

"Lokho ngeke kukusize ngalutho," kwasho uNyathi. "Isikhumba sami silugqinsi kabi. Ngisho noBhubesi uke wazama ukungiluma ngamazinyo akhe abukhali kodwa ngaphunyula. Wena umncane kakhulu, Hlalanyathi. Futhi kukufanele lokhu okutholile. Mina bengizimisele ukuthi sabelane."

"Kulungile, sekuphelile manje," kwasho uHlalanyathi khona manjalo esehlisa umoya. "Bengicasukile futhi ngedelela kuphela ngoba bekuyikhaya lami. Manje angisenakhaya futhi anginakudla – zonke lezi zintethe ezimnandi, izimpukane, nezinhlava ebezihlala otshanini obude sezihambile! Konke sekuhambile."

UNyathi wabheka emuva kuHlalanyathi, owayekhala, wase ebheka isiqeshana esasingasenatshani kanye neqhugwana elihlephukile.

"Ngiyaxolisa ukuthi ngibhidlize ikhaya lakho," kwasho yena, "kodwa mhlawumbe ngingakwazi ukukukhokhela. Nginenkinga ngezinambuzane, uyabona. Ngisho ukuthi, awubheke nje umhlane wami. Kuhlale kukhona izinambuzane eziningi ezilengayo nezihamba emzimbeni wami. Ungazidla, futhi kungaba kuhle uma ungakwazi ukungiqedela zona."

UHlalanyathi wawubuka phansi naphezulu umzimba kaNyathi maqede waqaphela zonke izinambuzane ezinamathele esikhumbeni sikaNyathi. Isisu senyoni savele sakhala, kodwa umcabango wokwenzela uNyathi umusa ngemuva kwayo yonke into eyayiyenzile, wenza uHlalanyathi athukuthela kakhudlwana futhi. Umlomo wakhe waphenduka waba bomvu, waphinde wabomvu kakhulu.

"Okokuqala udle bonke utshani bami obuthandekayo!" kuthetha uHlalanyathi.

"Emva kwalokho uhliphize indlu yami. Eqinisweni ufake inselo yakho enkulu ophahleni lwayo! Manje usufuna ngidle zonke lezi zinambuzane ukukwenzela umusa!" Wahamba wehla wenyuka emhlane kaNyathi, enqofoza ngesikhathi ekhuluma. "Umubi ngokwedlulele ngempela, Nyathi! Ungafunga ukuthi ngizokusiza," washo nomlonyana wakhe ugcwele izinambuzane.



UNyathi wamane wazithintitha wase esuka ehamba noHlalanyathi egibele emhlane wakhe, ethetha, edla izinambuzane. Basenza lokho kuze kube yinamuhla, kodwa uHlalanyathi akazange amxolele uNyathi, nomlomo wakhe sewuyolokhu wahlala ubomvu naphakade.



Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.



Tell a story!

- ☐ Look at this picture. What do you think Priya and her mom are doing? Where do you think Priya's little brother, Rahul, has come from? Why is he running? What do think is going to happen next?
- ☐ Use the picture to help you tell your own story about Priya, Rahul and their mom. This picture could be where your story starts or where it ends!
- ☐ Share your story with a family member or a friend.

Xoxa indaba!

- ☐ Bheka lesi sithombe. Ucabanga ukuthi uPriya nomama wakhe benzani? Ucabanga ukuthi umfowabo omncane kaPriya, uRahul, uphumaphi? Kungani egijima? Ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?
- ☐ Sebenzisa isithombe ukusiza ukuxoxa eyakho indaba mayelana noPriya, uRahul kanye nonina wabo. Lesi sithombe kungaba lapho indaba yakho iqala khona noma lapho iphela khona!
- ☐ Yabelana ngendaba yakho nelunga lomndeni noma nomngani.

2.

Give a clue. Take a guess!

Here is a game that celebrates Get-Caught-Reading Month to play with a partner.

- Q On the lines below write a list of the ten craziest places where you would like to read. Don't let your partner see what you are writing.
- Q Now give your partner a clue for each place on your list that helps him or her to guess the place you wrote down.
- Q How many places did your partner guess correctly? Was that because you gave such good clues, or because your partner made good guesses – or a bit of both?



Nikeza inkomba. Qagela!

Nawu umdlalo obungaza iNyanga Yokutholakala Ufunda ongawudlala nomlingani.

- Q Emigqeni engezansi bhala uhlu lwezindawo eziyishumi ezinokusangana okwedlulele lapho ongathanda ukufunda khona. Ungavumeli umlingani wakho abone ukuthi ubhalani.
- Q Manje nikeza umlingani wakho inkomba yendawo ngayinye esohlwini lwakho ezomsiza ukuqagela indawo oyibhale phansi.
- Q Zingaki izindawo umlingani wakho aziqagele ngokuyikho? Ngabe lokho kungenxa yokuthi unikeze izinkomba ezinhle, noma yingoba umlingani wakho eqagele kahle – noma kuhlenganisa kokubili?



3.

Where do you think these people were caught reading?



Ucabanga ukuthi laba bantu batholakala befunda bekuphi?

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org
www.nalibali.mobi
[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)
[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)
info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your
imagination

